Umhlangano Wabafundisi Base Church.

Ibandhla lase St. Mark's Pietermaritzburg belenzele abafundisi abansundu base Church idili eSt. Helena Hall ngomhla ka20, lu September 1916, nje ngoba kade behlangene lapa emhlanganweni weSynod.

Umsebenzi wokuhlabelela wa upetwe ngu Mr. B. Nxumalo iConductor epa peme eneChoir lake elihle, elihlabelele kahle kamnandi kakulu. Amagamu onke abawahlabelelayo ayehlwabusa, ne"Solo" "The young recruit" eyahlabelelwa nguMr. B. Nxumalo ngezwi eli mnandi leTenor. Isihlalo kwakucelwe uMr. J. T. Gumede. Amakosikazi aseSt. Mark's namakosazana nabanumzane nezinsizwa babukeka kahle begqokile ngokwesilungu nempela u"fashion" ebanga umunyu uMrs. Mkize waye pambili ekulungiseni wonke umsebenzi ongezidhlo wenza umsebenzi omuhle kakulu obongekayo.

Ibandhla ngomlomo ka Mr. B. Nxumalo labhala lencwadi yokubingelela no kwamkela abafundisi:—

Kubafundisi bakiti abahlangene emhlanganweni we"Syond" ye Church of the Province of South Africa.

Bakonzi, namanxusa abutene kulomuzi wakiti kule Parish yase St. Mark's siyajabula ukunibingelela nokunamkela kulomuzi wakiti omdala wase St. Mark's. Sini fisela intokozo nokupila okumnandi, nempu melelo niqubekele pambili emsebenzini enibutene ngawo kulomuzi; nezindaba ezingapambi kwenu nizixoxe ngempumelelo enkulu. Siyetemba ukuti lomhlangano wetu wokunamkela uyakuba yisiboniso sotando lwetu nokujabulela kwetu lomsebenzi omkulu enihamba nga wo nenibutene ngawo laqa kulomuzi wase Mgungundhlovu.

Kuyadabukisa kakulu ukuti konje na mhlanje nibutêne nje ukona ongekoyo pakati kwenu. Sitshoke umufi uRev. Daniel Mzamo owaba ngumpristi wokuqala omnyana wase Natal. Yebo, kwaku yindoda emadodeni neqawe emaqaweni, uyise wabefundisi bonke bakiti yebo noma engaseko usakuluma.

Ngokuhlonipa okukulu sinxusa ukube amagama etu kulelikasi esikundhle ni se "Parish" yase St. Mark's ngaleli ilanga lomhla wama 20 ku September, 1916, ePietermaritzburg, Natal.

Chas. Mbanjwa,
Simon Mkize,
Timothy Sibisi,

Abafundisi bapendulelwa nguRev. W. F. D. Mzamo wodumo lwabase Church ngamazwi amnandi, kwati lapa epata igama lika yise osekupumleni manje, ibandhla lonke latinteka ngokukumbula umsebenzi omkulu umfundisi ongaseko uRev. Daniel Mzamo, omisebenzi yake imihle esashumayela namanje pakati kwebandhla, owaye ngu Mpristi wokuqala kwabansundu eNatal. Wasekelwa ngumfundisi uRev. John Ngcmu omunye umfundisi omdala osegugele enkonzweni kaNkulunkulu.

Nabanye abafundisi bakuluma ngamazwi okubonga, abahamba ao Revs. R. Radebe, Paul Africa. Kute sisaqed'ukuzwa lamagamu amahle lahlabelela ichoir lasijabulisa. Kwase kusuka uMr Ezra Mcunu efunda enye incwadi yama zwi okubingelela uRev. Francis Magwaza umfundisi omdala onsundu wase St. Mark's wamcela ukuba kumtokozise umfundisi ukwamkela isipiwo se"Suit Case" enhle ukubonakalisa utando lwabo nokumkumbula kwabo. Yile incwadi eyafundwa:—

Ku Mfundisi Rev. Francis Magwaza:—

Mfundisi kuyisifiso seParish yase St. Mark's, Pietermaritzburg, ukuba izwakalise ukujabula kwayo ukukubona futi lapa noma ungaseko pakati kwayo.

Iminyaka eminingi usebenza pakati kwale Parish yaseSt. Mark's siyikumbula ngokujabula, ngemisebenzi emihle esobala eyasebenzeka pambi kwako nangoku kutazwa nguwena. Isikala sako sivulekile. Sihlala njalo sikukumbula ngentokozo.

Siyaijabulela iParish yaseSt. Faith's eTekwini lapo usukona manje. Uku lahlekelwa kwetu nguwena yinzuzo kwabalelo Parish.

Sikufisela inhlalo enhle ukupila okude nempumulo emsebenzini wako. Sicela ukuba ungakohlwa ukucabanga nkati, wazi ukuti sihlala njalo sikukumbula.

Sikunxusa ngokuzitoba ukuba wamkele lesisipo setu noma sisincane ukumbule ukuti siveza ngaso utanda lwetu kuwena nokuti siyakuba isikumbuzo oyakukumbula ngaso iminyaka yonke yokukonza kwako pansi kweParish yaseSt. Mark's.

Sivumele mfundisi sibeke izandhlo zetu kulelikasi egameni le"Parish" yaseSt. Mark's.

Ngaleli langa lama 20 Sept., 1916, ePietermaritzburg, Natal.

1. Charles Mbanjwa (Church Warden)
2. Timothy Sibisi.
3. Simon Mkize.

Umfundisi wapendula ngamagama amnandi, ute uba aqede ukukuluma nabanye abafundisi bambongela ngamazwi amnandi. Amazwi kaMr. Mathews Ngubane abamnandi eti, "Salahlekelwa siyizintandane."

Lahlabelela i choir, umpakati wazitokozisa nge tea nangamacakes, St. Helena Hall ihlotshisiwe ngezimbhali nangezitombe eziluhlaza kuknhle kudelisile.

Indhlu emnyama iya iqubeka ezintwe ni zokukanya. Ngapambi kokuba uvalwe umsebenzi uMr. B. Nxumalo wabonga uChairman ngamazwi amnandi, wahlekisa ngendaba yomuntu owati umfundisi ekuluma eSontweni wabuke ka ehlabekile, wati uba ambuze emuva kwesonto ukuti sengati intshumayelo imhlabile, wapendula ngokuti, "Yebo mfundisi ngite uba ngibone isilevu sako sivevezela ngakumbula imbuzi yami eyayinesilevu esinjenge sakonje."

Umhlaba Ungo ka Jehova.

Kulendaba engiyixoxayo, ngingajabula inxa bengati bonke abafunda ama zwi ami bawafunde ngesineke. Ayeke umuntu ukuba ati engawafundisisanga eb'es'epangisa ngokuti uyabhala uya bhala uyangibuza. Ngoba pela mina ngibhala nje, ngikuqondile, ngizitatile nazo izincwadi lezi ngazibukisisa; ngoba angitandi ukuba iti indaba engiyiku lumayo ngize ngingampenduli ongibuza yo ngayo. Anohlala nilikumbula leli elami lokuti : Kade kwasa, obaba nao babamkulu abasishiyanga hancwadi yo kusiqondisa lezi izindaba engiqala na muhla ukuzikuluma. Kepa, ngoba se ziqaliwe ukukulunywa kungaba kuhle niqinise nonke, madoda akiti, ukuba sifukulisane lo'mtwalo omkulu osindayo senzele abazovela. Kuyisimangaliso esikulu uba siti sibaningi kangaka, si ngazi lapa saqamuka kona ukuze sibe lapa. Yiko lokoke okungenza ukuba ngibuze kini nonke, ukuti "Sapumapi tina silapa njena ?" Ngoba kako onga hle asikombise ngokusobala lapa sapu ma kona. Kepa mina ngite ukuba ngi funde izindaba zezincwadi lezi zamaHebelu, ngamangala ukuba ngibone aba ntu bakiti behamba ngayo yonke imikuba yokwenza nokukuluma kwabo (abakwa Israel); kwase kungiquba loko kwangenza ukuba ngikulume ngesibindi, ngiti: Singama Israel ngokwempela, ngapandhle kwetu kaseko omunye ongabinwa ngomu Israel kunati.

Kuloku-ke, bandhla elihle lika Israel elimnyama elite bhuqe, nginibikela ukuti sengiyiqede ngayiti swaca inkulumo ebengikuluma ngayo. Nginxusa kini nonke ukuba nani keningicabangise ka hle indhlela yetu esaze sati siba lapa nje sabe sihambe ngayo. Bhekani kambe nani, kulukuni nakweyami inhlizi yo, ukuba ngihle ngiti ngingedwana zwi, ngihle ngikulume indaba enkulu kangaka engabonange ikulunywe naobaba abangifundisileyo—abafundisi kambe—ebona bengitshenise nebala lika a, b, c. Kuyimfihlo enkulu ukudabuka nokwehla kwetu eNyakato—inxa nembala okoko betu bake behla bepuma eNyakato njengoba kutshiwo. Kepa izindaba zakiti ezindala, enizibiza ngokuti ziyizinganekwane, ziyakudalula ukuti sasi kade singeko kule'ndawo esikuyo nambanje. Kuyaqondakala kubo bonke abakiti ukuti iminyaka ayikafinyeleli nakweyodwa inkulungwane silakile leli' zwe njengoba sesilakile namhlanje. Ake nikumbule izinganekwana zesilwane leso esikulu essashlupa abantu ngokubatumbela izingane zabo endulo isiqugumadevu ibizo laso, esenginitshene kakulu ngaso, ukuti kwaku umkumbi. Ayiko kulelizwe imimfula emkulu engango Zambezi nao Kongo, lapa sasehla ngakona. Ngicela kini nonke ukuba niqapele kahle ningipendule senibhekisisile, ukuti, "Sapumapi tina silapa njena ?

Yimi otanda abakubo,
Ofisa ukwazi uhlanga lwakubo.

M. M. FUZE.

(Ku Mhleli we "Langa")

Mngane,—Ngicela indawana epepeni lako elidumileyo, kenibuze uRev. H. Nilson lona.—Nginombuzo kuwena mngane, ukuti lamazwi owakulumayo uwatatypi, ukuba uti uzwe epepeni lesi lungu ? Uzweni ungacazi nje nduna nkulu, laba abantu balala emahlati ni yini ? Uma ukuluma kanje, wenza ukuba abantu babenhliziyo mbili. Uya shinga uma ukuluma kanje. Uyahleka wena, ukulumisa okuka Mehlobukali owayeti ebopa abantu abeti "akukogili elizikota emhlane. Angati ngingake ngikubone nokuti unjani. Angazi mina ukuti ondunankulu bangaki, mina ngazi uGeneral Botha kupela.

H. S. KUMALO.

S.A.R.
Cleveland Station.

UMSEBENZI WOMZALI.

Umfana wako uhlala eklwebheka njalo alimale. Kungeti ngoba lawamanxeba apola kahle sebe kutiwa ayanhlala enze njalo. Funa amafuta ka Chamberlain obuhlungu ukuze konke ukulimala kubhekwe masinya. Ungeze watola luto oludhlula wona, nokungenwa yisihlungu kuyisifo esinengozi kabi ukuba umuntu azifake engozini yaso. Atongiswa yibo bonke abatengisi.

Isifundo Sesikole Sesonto.

ISIFUNDO II. OCT. 8.
UPAULE EPAMBI KUKA FELIX, IZENZO 24.

ISITATELO IZENZO 24: 16.

I. UPAULE ENKANTOLO EKESARIA, VS. 1.

Ngamehlo emiqondo yetu lsingake sibuke kulelolawu eliyinkantolo lasesigodhlweni sika Herodi. Sibona uFelise esesihlalweni sake. sobukosi egqoke izingubo ezikazimulayo zesikundhla sake, eduze kwake kukona umpristi omkulu wabaJuda naye efake ezikanga amehlo; izigele zompakati omkulu zikona, zehla eJerusalema ukuzakumangalela uPaule, uPaule umi pambi kwabo epahlwe amabuto. Ummeli ngu Tertullus, umRoma oketwe abaJuda ngoba eligagu lokukuluma.

II. UTERTULLUS EMANGALELA UPAULE VS. 2-9.

UTertullus waqala intshumayelo yake ngamazwi okubondhloza uFelise, engakulumi lona iqiniso ngoba uFelise wayengumuntu omubi engumbusi omubi futi. Isigigaba sokuqala uTertullus agidhlaza ngaso uPaule kwaba yilesi, ukuti uhambe evubukula ukuhlubuka umbuso yonke indawo, esesibili ukuti ungumholi wamaNazareta, pela ukubiza kwabanye amaKristu alesosikati, esesitatu ukuti wangcofa itempeli—indawo engcwele yaba Juda.

Ecaleni lokuqala kwakusiminya kampe ukuti wauye uvele umsindo nokuxokozela ezindaweni eziningi lapo uPaule waeshumayela kona, kepa kwakungeqiniso ukuti loko kwabe kupenjwa nguye uPaule; kwakuyizita zake, abantu ababi, ababevusa abantu. Namahla siyakubona ukuti abantu baye bahlebe abanye ngokulanda inxenye yeqiniso balihle elinye.

Kwakungamaqiniso futi ukuti abanye abaJuda ababona uPaule enamaGreki etempelini babeti ungcofa indawo engcwele, kepa bengazange babhekisise ukuti bala kwakunjalo ngempela. Abantu namanje babadilizela pansi abanye kakulu ngokuwalazela ukubadela bengayihlolanga indaba. UTertullus wakohlisa uFelise ngokumtshela ukuti induna yabapuca ngendhlovula uPaule lapo bona besazoteta icala lake ngomteto wakubo. Iqiniso kwaku yilesi njengoba sesibonile ukuti yatata uPaule embondeni owaufuna ukumbulala.

III. UPAULE UYAZIPENDULELA VS. 10 21.

UPaule wakombisa uFelise iqiniso ukuti abamangaleli bake abanabo aofakazi ababonisayo ukuti wake waveza umsindo etempelini noma emuzini. Uya kuvuma kona ukuti ungumKrestu kodwa uti ukonza uNkulunkulu, uyakolwa umteto nabaprofeti. Wabonisa ukuti kabonaze angcofe itempeli wakuhlanza nokuba kwake kona.

UFelise wabona ukuti uPaule kafanele ukujeza loku akuko luto olubi olufakazwayo ngaye, kodwa katanda nga ukucasula abaJuda ngako wase esala eseti lendaba isiyonqamuka ngesinye isikati, vs. 22, UPaule waba yiloku alusiwe kepa wapatwa kahle vs. 23.

IV. UFELISE EPAMBI KUKA PAULE

Emva kwenkati uFelise nenkosikazi yake uDrusilla bati akuyobizwa uPaule bati ake abalandise ngenkolo yobu Krestu. UDrusilla wabe engumJudakazi futi engumbakabaka kepa eyisikwengci. UPaule wayebazi ukuhamba kwabo okubi, ngako wabashu mayeza ngokulunga nokuzitiba, nokwa hlulelwa okuzayo. Wakuluma wahluba indhlubu nangesibindi uFelisi wangenwa yingebhe, kepa noko akanquma nga ukulahla izono zake, wasehlehlisela ukupenduka kwesinye isikati, kodwa lesosikati asibonange sifika. Baningi nanamuhla abanjengaye. Masikumbule ukuti "imanje" yisona sikati esifa neleyo, manje 'lusuku lokusindiswa, nokuti kutiwa, "namuhla uma nxa ni zwa izwi lake, ningenzi lukuni izinhlizi yo zenu." Heb. 4:7.

Ukungalali kahle.

Inkosikazi eti uma ivuka ekuseni izwa umzimba ukatele ushona pansi idinga usizo engase ilutole kuma Pink Pills ka Dr Williams okuyiwona eyohlanza igazi libe lihle enze nemitambo iqine.

Kukona ukungalungi kwegazi okuninngi okubangwa ukuba lisuke selilincane lona emzimbeni, kepa iningi labantu besifazane baye bangaku naki loku okuyingozi kangaka. Loku kungalungi kwegazi ngohlobo olunjalo kuye kwenze ubutongo bungehli ngesikati lapa umuntu eselala. Kwesinye isikati loku kuza nobuhlungu bekanda nesihudo. Loku ikona okufuna amaPink Pills ka Dr. Williams angalimazi ngaluto. Nika amaPink Pills ka Dr. Williams isilingo sokuqala ngeqiniso uyakuzwa impilo entsha emva kwaloko. Nokudhla kade ungasakutandi manje sewukutanda ngesikati sako.

Lomuti uyalihlanza igazi ngaloku libe seliba lininginingi, loko ke kuleta ukujabula emitanjeni yonke yomuzimba nobutongo ongasabazi, ujabulele nemisebenzi yako emva kwaloko. Linga lomuti kuko konke ukufa okubangwa igazi elincane emzimbeni.

Namupi umtengisi angakunika amaPills ka Dr. Williams noma utumele kuDr. Williams Co., Long Street Cape Town uyotunyelwa igabha elibiza 3s, 3d. uma eyisitupa 17s.

Uhambo Lwami Ukusuka eRhodesia.

Pezu koba ngangiqonde ukwehla ngendhlela yase Beira-Portuguese East Africa,—ngalibala wangishiya umkumbi i"Durham Castle" eyasuka eBeira ngo 29 August, kwepelile. Ngibuyeke ngaba netuba lokuhamba ngomhlaba. Ngalibukisisa izwe lifile elase Mandebeleni ne lase Bechuana, alifanani neMashona, ngafikela kwa Bulawayo kwaMr. J. J. Hlazo umngane wami omkulu ngabusa kakulu. Inda wana zonke ezitesheni ngihambe ngibonana nabangani bami engase ngibabhalele uba ngiyehla.

Ngifike lapa eJohannesburg sengilandiwe njengoba ngatshaya ucingo ngiseMafikeng ngilutshayela iPriest-in-Charge eKoliji lena yaBefundisi engi kuyo.

Sengike ngabanenkati yoba ngibone abantu bakiti abapambili oMessrs. C. Kunene; iPresident ye Natal Native Teachers' Conference nami engike ngaba pansi kwako emihleni yami yase Natal, C. S. Mabaso, engimazi ese seSwazini. Poke ngingatini ngo Rev. John L. Dube uMafukuzela ngabambeleleka kakulu eOfisini yake sixoxa. Wase efuna ukungitumba ngiye eSophiatown emzini wake kwalapo ngisabambekile kakulu impela.

Ngite ngqa ngoMafukuzela nge Ofisi yake.

Ngiku le Koliji yaBefundisi ukuze ngibuyele eRhodesia emva komhloli ukuyoseka isikolo engisipembe eRhodesia pezu kwensika engatshukumiyo Ukuqala kokuhlakanipa ukwesaba uJehova.

Umsebenzi wesikole usele nendoda yamadoda oseyimi ngakoke ukuze ngitole inkati yoba ngilungise izifundo engipezu kwazo bosiza abase Mandebeleni, Mashoa, Gasa nakwindawo zonke zaseRhodesia batumele incwadi, nento abanokwelekelela ngayo kanje:—

Mr. Frank Ziqubu,
Waterfall-Farm,
P. O. Box 154,
Salisbury.

UMr, Ziqubu wonipendula noba mfuna ukwazini mayelana nenqubeko yeSikolo ngisaxakekile lapa ingcosana, kodwa noko ngojabula nami ukucazela abangibhalele. Ngilungisa Report yawo umsebenzi noqala niyibone kona lapa epepeni ukuze niqondisise. iBanki engimi ngayo iNational Bank of South Africa Ltd., Salisbury branch, Rhodesia, eyomsebenzi engelayo icala. Malimelwe ngeyalo izwe likaMzilikazi ukuze sizwane nabantu bakiti.

Ingu mumangaliso imisebenzi yako Yehova,—Ngo buye ngivele !

Yimi,

ABRAHAM Z. TWALA.

C. R. College,
The Priory,
Rosettenville,
Johannesburg.

Ezebhola

Ngikolwa ukuti abafundi bepepa bayokumbula ukuti bake babona indaba yamaCallies namaCrocodiles kwelase Goli. AmaCallies abe efuna ukuba ku dhlalwe futi, kuyiwe enkundhleni yama Callies, kodwa kavumanga amaCrocodiles. Kute ngomuhla zi 23 ku Sept. aqoqana amaCallies aya kona enkundhleni yama Crocodiles, kwazise amaCallies ayebambe izwi labadala lokuti "nelisina muva liyabukwa." O, lasuka muntu wakiti; lati lisuka nje ayelisho pakati amaCrocodiles kumaCallies. Kute ku suka lapo amaCallies ayefaka amabili ngapambi kokuba kutshintshwe. Kute ngemuva kokuba sekutshintshiwe avuka ngokunye amaCallies umuntu wabo na amahembe esebomvu yonke inkundhla manje, zafaka aba sikombisa apikeka aMabili. Impela amaCallies anakulinganiswa namaCrocodiles; ane zwi elibi lokuti "layisha" kudhlalwa akahlele abantu abuye abakokele nama ngindi.

Wapela umdhlalo kumi kanje:—

Callies 5.
Crocodiles 2.

Nanka amaCallies abedhlala:— J. D. Hlatshwako, Z. C. Jali, A. M. Ngcobo, L. C. Jali, King Ntuli, L. Matebula N. Kambule, A. B. Gumede, G. Mahlola, Beaver Jim, no S. Mei.

Imina,

OWAYEKONA.

UKULONDA IMALI

Kuhle niqonde nina enifisa ukulonda imali yenu ukuti lezi izitshana enizitengayo zokuba nifake imali yenu kuzo, niyiyise eBhange laBantu eTekwini ku Smith Street; akuhlosiwe ukuba nize niye kovulelwa zona eBhange mhla sonigoduka, imali leyo niyitate nihambe nayo. Kuqondwe ukuba nide niya kovula imali yenu ifakwe eBhange inizalele amankonyana .Ukugcina imali ingazali luto akusizi luto nempela. AmaBhange aqonde ukuninika inzalo yomsebenzi wemali yabo abayisebenzisayo. Nxa ingasebenzi isesigujini ayinizaleli luto. Ngako siyane luleka ukuba nide noyifaka ibhalwe ezincwadini ze Bhange, inizalele Setemba ukuba nizokubona loku nenze njengoba sinitshena.

UChief Naphtali Gule.

Kulusizi ukuba sazise izihlobo zale Nkosi eziningi ukuti umazi wakwaGule kauhlezi kahle ngaye usebuhlungwini kakulu.

Izinyanga zabelungu ziti lapa zibhula ubuhlungu bake ukwelwa buhlangu obuqeda amandhla enhliziyweni. Kepa napezu koba ziti ziyabuba na, noko akuzwa nelilodwa ikambi lazo izinyanga. Sekuhlalise kabi kakulu loko. Naloko ebekade esegulela kwa mkwenye wabo kwaMr. E. Msimang eEden, useze kaloku wasondezwa kwamfundisi Rev. A. Mtimkulu obuze indo lakazi yomlamu wake.

Sibezwela ubuhlungu kakulu abakwaGule nawo wonke umuzi.

(Ku Mhleli we "Langa")

Indhlala ikulile nonyaka lapa eRhodesia, abantu bayafa uHulumende uyazama ukusiza abantu ukubaholela ukudhla noko bafela pambi kwake baholela eStation eChoma. Bayahola abanye kupela abanumuzana nabafe lokazi abatsha. Ai kutiwa banamandhla okusebenza mabazitengele Ngibhala nje bayahamba abantu. Ngizwe abafileyo abahlanu baningi bayadhlula loku. Bafanje ngenxa yobuningi ngoba bafike bengenakudhla bengatshetshi ukupiwa baze bapele amandhla abanumuzana bahole 5 gals. kanye namakosikazi abo abantwana inxenye. Bafa ngoba kubalwa abantwana.

Asazi noma kazobasiza yini loko na ? Bahola inyanga zonke. Ngibonga futi amazwi ka Mongameli kaJuly 1916 angatiti inkosi ingasikelela uMafukuzela ngokutanda izwe lakubo yebo njengo kutsho kwake, izwe lakiti iSouth Rhodesia li sepansi impela ngenkanyiso enjengemfundo, ayiko akuko koije nelilodwa. Hai ! Neze. Pambili mtaka Dube Mafukuzela wezinto ezinzima Inkosi mayizwe imitandazo yetu isikelele uMafukuzela. Ngapa kona eN. W. Rhodesia angikulumi yindhlala yabefundisi abashumayela iVangeli Mzulu, Mndebele, Mzambezi, Msutu Mtshangana wonke. Tandazani ukuba iNkosi isekele uMafukuzela Mateu 18: 19. Futi ngiti kini uma ababili bevumelene ngento etile abayicelayo bayakuyenzelwa uBaba osezulwini. Inkosi maibusise.

Yimi,

DAVID N. MOYO.

Seme vs. De Wet.

Lel'icala esekunkati lihlatshezwa lize latetwa ngosuku lwama 21 ku Sept. kwa Koto Omkulu eJozi. Akapumelelanga uMr Seme kuloko abekufuna. Kepa abameli be'nhlangoti zombili kanye nababamelele bavumelene ukuba ipulazi i"Dreihoek" (lona pela ebelibangwa) libuyele kuMr. Seme, kepa akoke zonk'izindhleko zecala leli.

Ngako ngosuku lwe 7 ku October lo, kuzobakona umhlangano wabo bonke abatengi base "Dreihoek" kona kulo ipulazi. U-Mr. Seme wojabula uma engeza onke amadoda ukuze awa cazele konke ukuma kwendaba yepulazi lelo manje. Futi kuvunvelwene ukuba nalawo'madoda (asitupa) ebekungazi wana nawo aze abekona emhlanganweni, ukuze azuze onke amalungelo aba ny'abatengi.

Kuyasijabulisa kakulu ukuzwa lendaba. Ipulazi lase Driehoek beselixunge kakulu imimoya yabantu, zati nezindaba zalo zabanga ukungezwani nokunge tembani. Siyotokoza uma sizwa ukuti konke loku kuzopeliswa kulomhlangano ozobakona epulazini, kupindwe kuse tshenzwe ngokuzwana kulomsebenzi omkulu kangaka nomuhle.

(Kumhleli we "Langa")

Mngane,—Ngicela ibalana epepeni lako elidumileyo ukuba ngifake nanka amazwana ami,

Ngazisa izihlobo zami ukuti ngisahlezi. Ngoze ngisuke ngokutanda kwami kulonyaka ozayo. Ngakoke ngibonga izihlobo zami zase Groutville enkosi yakona uChief Lutuli. Batiuma bezwe ngokuhlupeka kwami bangifunela indhlu eGroutville. Awu amakosikazi nabanumzane bakona bahlupeka ngami Angikohlwa okwenziwa amakolwa ase-Mvoti kimi. Ninga katali bakwetu bo. ukwenza loku enikwenza kimi nangomuso. U Nkulunkulu ukulabo abenzela abahlupekileyo umusa. Nginifisela inhlala kahle nani nodwa njengoba natanda mina awu ngiyabonga. Salani kahle ngibonga kakulu kubo bonke base Mvoti kakulu inkosi yabo. Ngivumele ngime lapo mhleli ungitetelele ngokwelula kwami okungaka.

Imina,

M. NDULI.

UKUGULISWA YISISU EZINGANENI.

Ngezinyanga zaschlobo abantwana bavama ukwonakala eziswini ngabe bhekisiswa. Ngakuncle ukubonwa nje ukuhlambulula banikwe oka Chamberlain wentungwa nembo noknhlambulula. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Isifundo Sesikole Sesonto.

ISIFUNDO III. OCT. 15, 1916.

UPAULE PAMBI KUKAFESTU UDHLULELA KUKESARI. IZENZO 25:1-12.

ISITATELO. MATT. 10 : 25.

I. UPAULE EYISIBOSHWA EKESARIA.

Sibonile esifundweni setu esingapambi kwalesi ukuti uFelise kamkululanga uPaule nakati wab'engenze luto olufanele ukujeziswa. Watanda ukutokozisa abaJuda, futi kunjalonjalo etemba ukuti uPaule uzaumnika imali ukuba amkulule. UPaule kakwenzanga loku ngako kweze kwapela iminyaka emibili aluswe njengesiboshwa. Kepa abahlobo bake babejutshiwe ukuhambekuyela. UFilipu esifunde ngaye waehlala eKesaria akuqulwa waevama ukuyakubona uPaule. UPaule wab'ekade esebenza kanzima iminyaka engamashumi amabili nhlaumbe kwaba yinto enhle kuye ukuba atole lesisikati sokupumula. Sitshelwa ukuti zonke izinto zihlanganela ukuveza okuhle kwabatanda uNkulunkulu, Rom. 8:28.

II. UFESTU ETETA ICALA LI KAPAULE, VS. 1-6.

Emva kweminyaka emibili uFelise wabizwa ukuba apindele eRoma ngoba waepete kabi abantu kwatunywa uFesta ukuba azobusa esikundhleni sake. Umpristi omkulu namalunga base bemumangalela njalo kuye uPaule bacela ukuba ehliselwe eJerusalema kuyotetwa icala lake kona, behlose ukumbulalela endhleleni. Kodwa uFestu wati, "Qa zanini nina eKesaria nizommangalela kona pambi kwami." Bala lapo sebefikile icala latetwa, kepa kwabuye kwapinda sona esakuqala izita zikaPaule zahluleka ukufakaza ukuti wayenze izinto lezo ababemmangalela ngazo. Kepa uFestu walingisa uFelise watanda ukutokozisa abaJuda wase ebuza kuPaule ukuti uyatande ukuya eJerusalema ayotetelwa icala lake ngemiteto yabaJuda na Njengoba uPaule waepansi kwomteto wama Roma wab'enalo ilungelo lokwala ukuya eJerusalema.

III. UPAULE UDHLULELA KU KESARI, VS. 7-12.

UPaule wazi ukuti uyaubesengozini enkulu uma eya eJerusalema. Wakumbula usolo olwalwenziwe ngamadoda angamashumi amane lokumbulala uma angaba kona. Wakumbula isitembiso sikaNkulunkulu sokuti uyaumfakazela eRoma (isahlu. 23 : 11) ; waqala ukubona ukuti makube kuyintando yenkosi ukuya kona kanje eyisiboshwa. Njalo wapendula umbuzo ka Festu ngokuti: "Ngidhlulela ku Kesari." Fundani amazwi ake evesini 10. UKesari kwaku uyena mbusi omkulu wesizwe samaRoma, ohlala eRoma. UFestu wati, "Uzakuya kuye uKesari."

IV. INKOSI UAGRIPA IHAMBELE UFESTU. VS. 13-17

UAgrippa wab'engumlamu kaFestu uyise kungulowaya Herodi owabulala umapostoli uJakobe walinga nokubulala uPetro. UAgripa nomkake uBernice babengabaJuda kepa babezihambakuti UFestu walandisa uAgripa indaba ka Paule, wase eti uAgripa utanda ukuba ake amuzwe etshumayela, wase uFestu eti, "Uyakumuzwa ngomso." Bala kusa ngomso uFestu wabiza onke amadoda amakulu omuzi noAgripa nenkosikazi yake bafika bekepuzela kwanje (v. 23) uPaule wayiswa pambi kwabo.

Enye lugqayizivele.

Ngalamasonto adhlulile sezwa isimanga somfazi owapenduka indoda esezele abantwana, nezingane ezimbili ezaza lwa zinamatelene. Namhla situnyelwe enye ingqayizivele nguMrs. J. Nkosi wase Mschadodorp Transvaal, uti ngase Belfast kuzelwe ingane eneminwe eyisitupa kupela. Isandhla sokunene sineminwe eyisihlanu kwesokohlo. munye kupela.

MIDWIFERY AND NURSING for NATIVES.

WANTED Native females to learn above and to present themselves for examination before the Natal Medical Council after two years' instruction. Papils will receive £1 a month and uniforms, but no food. Write to Dr. A. BONFA, UMZINTO.

ISAZISO.

Banke abatengi abahlaba ku INANDA SYNDICATE baya zisva ukuba bakeke ngoqwivumelwano. Kunge pela iminyaka emitatu angatahlekelwa Ngoba uginiersa ukuba ngqede, nitch [illegible] UMBHN.

UMUTI WOKWELAPA UKUKOHLELA WOMKAYA.

Udumo lomuti wokwelapa ukukohlela kaChamberlain lungangezwe Usiza ekukohleleni osekubhadhlazela komdala noma ugola lwabantwana. Tabha lunye lilungele wonke umkaya. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Umuna Wanyamalala.

ISIFO ESIFIPAZAYO SATELA KUZAM-BUK.

Umuma mhlaumbe yisona sifo esesatshwa kakulu kunazo zonke zesikumba, ngoba uma sesike sangena sanda ngamandhla, siyame ukutata izinyanga zokufipazeka okubuhlungu. UZam-Buk usepumelele kakulu ezifweni zomuna nezilonda zogobolondo lwokakayi. UZam-Buk udambisa amabala alumayo abomvu, angene ezintwantwasini eziningi aye afike emsukweni wesifo.

UMr. Knowles wase Gray Street, Capetown uti, "Izinyanga ezintatu nga lipazeka kakulu ngukuvumbuka kwomuna obabayo owa uyama ukuti lapo usungivukile kuti angonwaye lapo ukona kakulu kgiti ngizotola ikefu. Loko kwawandisa umuna nokubala kwaqubekela pambili kunakuqala.

"Imvama yezigcobo neminye imiti kwakungati ayisizi luto, angatola kefu kweze kwati kade ngifonda incwajana ngoZam-Buk kwezifo ezinjalo ngu Zam-Buk ngase nginquma ukulinga idosha.

"Ngiwafoka kwokuqala amafuta la kwabonakala kudambisa ngokungaqhile, kwenza isifo ukuba siye ngokuya sinyela sipela nya, kweze kwati dukuduku nomkwazi womuna wausunyamalele. UZam-Buk waveza ukwelapeka okusheshayo nokupeleleyo."

UZam-Buk, isigcobo samakambi odwa esihlala silungele ukufakwa sinamandhla amakulu okudambisa nokuqeda isihlungu nokupolisa. Emicobokweni, nakweziohibhayo, nezozozo, nezokusuzelwa yizinambuzane, nezinyawo ezibuhlungu, nezihlungu, nokuvuvuka okulumayo, nokuvuvukaliswa ukushisa, nezangaseniuva, nomuna, nenkwetu, nokusikwa, nokulimala, nokusha &c., uZam-Buk utata kanye. Niboxwaya izilingiso ezizipusha ngoba akuko sigcobo esivamileyo esingasiza njengo Zam Buk. Utolwa kubo bonke amkemisi nabezitolo ngo 1s. 6d. no 3s. 9d ngedosha.

ZAM-BUK
FOR CUTS, BRUISES, SORES
AT HOME & AT THE FRONT.

Ezakwa Zulu

(Ku Mhleli we "Langa")

Sebesihlupile abelungu lapa kwaZulu ngoba iloku kwasa njena kusa besho loku naloku. Ngisho ngendaba yamadipu ezinkomo, naku namuhla sebeti asiteleie inkomo ngosheleni ababili inye. Ngiti na, kepake abantu bayaku bazazi loko kakulu impela. Bati lapa kwaZulu, ea, makosi, tina siti ayilungile lemali, siti iningi yona lena esiyikipa ngadipu ishumi lasheleni. Isho njalo inkosi leyo iti ukuqala kwayo, "O, ngiyanaba madoda ukuti asigcwali isisele semali kuHulumeni. Kepa ke bapendula bati abantu : Au, ea nkosi, noma isisele leso, singagcwali, po, niti tina imali leyo sizoyitatapi loku nasemsebenzini asitoli mali na. Batike futi loku niyasibona ukuti sihlushwa yindhlala niti imali sizoyitatapi, loku naku niyazi ukuti sesiganwa ngayo na, nitike sizo kuyitatapi lemali engooheleni ababili esizoyitelela inkomo ibenye na. Bati abantu okungenacala ningasale senizi tuta zona lezi izinkomana esinazo, asinayo lego mali engako tina bantu. Ya pendula yati, "O, kulungileke madoda amazwi enu asazoke atanyelwe kona komukulu pela." Ngiti loko kukuluma yakukuluma kutelwa ngo May 1916; ngiti au, angazi ke ukuti siya utela ka njani nasloku okuzayo na. Ngitike au, nakuke futi namuhla sebesipekile ngendabakazi yabo yempi, beti asihambe siyofela pesheya, ngakoke tina Zulu siti au, makosi musanini kanti ayiko yindawo yamaliba kuleli izwe na? Ngiyaliponsa lelo Mhleli.

M. BIYELA.

Isaziso Somkosi

Ngomgqibelo, mhlazi 7, kuye uOct. lo, koba kona umculo omangalisayo lapa endhlini yesikole yase Lutela e Mapulangweni (Milne Street Durban) kusihlwa ngo 7.

Nanka amakwaya syopikisana:—

Eletric Light Choir, elipetwe uhlanya luka tisha.

Elomfo wase Mankwanyaneni, elaliti aliwagwinye onke ngomculo odhlule.

Amabili yi Morning ne Evening Choir URev. P. Lamula woza ngenkunzi yo gumbhu, nenkosikazi yake yohlabelela iyumelana nogubhu, nengane yake eminyaka mine iyobe ihlabelela.

Ake nizo kuzwa pela nide niti nitanda ukuzwa izinto ezimangalisayo !

Kongenwa ngo Zukwa.